

**2023/24 UHLELO LOKUFUNDISA OLUPHAKANYISIWE LUKAZWELONKE: ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA:
IBANGA LESI-5 (ITHEMU YOKU-1)**

YOKU-1				
ISONTO	UKULALELA NOKUKHULUMA	UKUFUNDA NOKUBUKELA	UKUBHALA NOKWETHULA	IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI
Ukuhlola okuyisisekelo (okuhlelwe esikoleni) nokwazisa okusezingeni elifanele kumele kwenziwe ezinsukwini ezi-3 zokuqala evikini lokuqala lethemu. Lokhu kuzosiza ukuthola izikhewu ezisalile emsebenzini wonyaka odlule. Ulwazi olutholakele luzosetshenziselwa ukulandelela inqubo yokufunda nokufundisa yemisebenzana ezokwenziwa				
1-2	Ukulalela nokuxoxa ngombhalo onika ulwazi: Imisebenzi wokwethula isifundo: • Ukuqagela • Ukunikeza imininingwane ethize • Ukulandelanisa imiyalelo ngendlela efanele • Ukubuza imibuzo efanele nokuphendula ngendlela • Ukukwazi ukuthatha imiyalelo • Ukukwazi ukukhuphula izwi isiviniini nokukhuluma angasheshi	Ukufunda umbhalo oqukethe ulwazi: Umbhalo obukwayo • Ukulungiselela ukufunda: Ukuqagela esusela esihlokwini sendaba nasezithombeni • Ukuxoxa ngephuzu eliwumongo nemininingwane eqondene nalo • Ukuphawula ngokukhethwa kombhalo • Ukusebenzisa amasu okufunda isb. izinkomba eziphathelele nombhalo • Ukwabelana ngemibono esebenzisa ukucabangela • Ukusebenzisa umbhalo osabulwembu • Ukusebenzisa isichazamazwi ukuthuthukisa ulwazimagama Ukufunda imibhalo equkethe ulwazi onjenge SMS/ i-imeyili: • Ukuchaza umlayezo osemqoka • Ukubona nokuchaza umehluko kulembhalo • Ukuxoxa ngamaphuzu awumongo wombhalo • Ukusebenzisa isichazamazwi ukuthuthukisa ulwazimagama Ukucabanga ngombhalo azifundele ngokwakhe: • Ukuphinda axoxe indaba noma amaphuzu awumongo • Uzwakalisa imizwa yakhe ngamathekisthi afundiwe • Ukweyamanisa nezehlakalo zempilo yakhe Izindlela zokufunda: • Ukufunda kakhulu kuzwakale • Ukuyeka konke okwenzayo ufunde	Ukubhala umbhalo oqukethe ulwazi i-SMS/ i-imeyili: Ukubhala kokuziqambela (amagama angama-40-60) • Ukukhetha isihloko esifanele • Ukunamathela esihlokwini • Ukusebenzisa ulwazimagama oluhambisana nesihloko, isib. iziphawulo • Ukusebenzisa izifengqo ezifana nesifaniso nesingathekiso • Ukulandelanisa izehlakalo ngendlela eyiyona aphinde achaze Ukubhala umbhalo oqukethe ulwazi I SMS/ i-imeyili: • Ukusebenzisa ulwazi oluhambelana nesihloko nezethameli ngokwezinhloso zethekisthi • Ukuhlela ulwazi ngokucacile • Ukusebenzisa isakhiwo okuyiso imisho exubile enezixazululo kanye nesikhathi Ukulandela inqubo yokubhala: • Ukucabanga ngamaphuzu awabhale embhalweni osalwembu • Ukwenza uhlaka lokuqala • Ukubukeza • Ukufunda ahlunge amaphuzu • Ukubhala uhlaka lokugcina • Ukwethula umkhigizo wokugcina obhalwe ngokucacile nangobunono Bhala amagama nezincazelo zawo kusichazamazwi sakho Sebenzisa ikhadi lokufunda ukubona inqubekela phambili yokufunda	Ezingeni lamagama: Isenzo Ezingeni lemisho: Inkathi yamanje, inkathi ezayo Incazelo yamagama: Ukwenza samuntu, izifaniso, izisho, izaga

YOKU-1				
ISONTO	UKULALELA NOKUKHULUMA	UKUFUNDA NOKUBUKELA	UKUBHALA NOKWETHULA	IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI
		- Ukufunda uholwa Uthisha - Ngeqembu ngababili ngokuzimela Ukufunda Inoveli Ukuhlola ukufunda: Ukulungiselela ukufunda kakhulu kuzwakale Ukufundela ukuzithokozisa: Inoveli/Ukufunda incwadi yokufunda imizuzu engama-30		
3-4	Ukulalela umbhalo ofundwa kwinoveli: Imisebenzi yokwethula isifundo: - Ukuqagela - Ukulalela isiqeshana esicashunwe enovelini - Ukulalela ngenhloso yokuthola umyalezo osemqoka kanye neminingwane Ukuchaza izehlakalo - Ukukhetha ulwazi oluhambelana nezehlakalo ezenzeka empilweni yakhe - Ukuchaza izehlakalo ngokucacile nangokulandelana - Ukuzwakalisa imizwa yakhe mayelana nezehlakalo - Ukuyamanisa izigameko nempilo yakhe - Ukuxoxa ngokuhlalisana kwabantu, ukuziphatha kanye namagugu amasiko ethu	Ukufunda umbhalo wenoveli Ukulungiselela ukufunda: - Ukuqagela esusela esihlokweni axoxe ngezindikimba ezihambisana nokuqukethwe - Ukubona nokuchaza izehlakalo eziwumongo - Ukuxoxa ngabalingiswa - Ukubona nokuxoxa ngemizwa eveziwe - Ukweyamanisa izehlakalo nabalingiswa nempilo yakhe - Ukusebenzisa amasu okufunda anhllobonhlolo - Ukuxoxa ngesakhiwo solimi olusetshenzisiwe, inhloso nezethameli - Ukubona umehluko phakathi komlando womuntu/owedayari nezindaba - Ukusebenzisa isichazamazwi nokuthuthukisa ulwazimagama Izindlela zokufunda: - Ukufunda kakhulu kuzwakale - Ukuyeka konke okwenzayo ufunde - Ukufunda uholwa Uthisha/ngeqembu/ngababili/ngokuzimela Ukufunda inoveli: - Ukuhlola ukufunda-Ukulungiselela ukufunda kakhulu kuzwakale Ukufundela ukuzithokozisa: - Inoveli/Ukufunda incwadi yokufunda imizuzu engama-30.	Ukubhala ukubuyekwezwa kwencwadi: - Ukusebenzisa uhlaka - Ngaphambi kokubhala: Ukulalela isiqeshana ezicashunwe enovelini efundiwe - Ukukhetha okuqukethwe okuhambisana nenhloso - Ukusebenzisa ulimi nesakhiwo sombhalo esifanele - Ukusebenzisa isakhiwo esifanele - Ukuhlela ulwazi/okuqukethwe ngokulandelana nangokuthuthuka kwalo - Ukusebenzisa uhlelo lolimi ukupelwa kwamagama nezimpawu zokuloba ngendlela efanele kuhlunganisa umenzi isenzo nesivumelwano - Ukusebenzisa isichazamazwi ukubheka ukupelwa kwamagama nokuthuthukisa ulwazimagama Bhala amagama nezincazelo zawo kusichazamazwi sakho Sebenzisa ikhadi lokufunda ukubona inqubekelaphambili yokufunda	Ezingeni lamagama: Isibaluli, izabizwana, iziphawulo, izandiso, izihlanganiso, izixhumanisi nezibabazo Ezingeni lemisho: Umusho osenkathini yamanje/eyedlule nezivumelwano Incazelo yamagama: Izifaniso, izaga nezisho Ukupelwa kwamagama: Ungqi, ikhoma, ukusetshenziswa kwesichazamazwi kanye nokuhlukaniswa kwamagama

YOKU-1				
ISONTA	UKULALELA NOKUKHULUMA	UKUFUNDA NOKUBUKELA	UKUBHALA NOKWETHULA	IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI
UKUHLOLA OKUHLELEKILE ITHASKI YOKU-1 OKUKHULUNYWAYO. • Ukufunda kakhulu kuzwakale (amamaki angama-20) (Le thaski mayiqalwe ukwenziwa ngethemu yoku-1 iqedwe ngethemu yesi-2 bese kurekhodwa amamaki.)				
5-6	Ukulalela indaba emfishane • Ukubona amaphuzu awumongo neminingwane eqondene nayo • Ukweyamanisa nezehlakalo zempilo yakhe • Ukuxoxa anikeze imibono • Ukuzibandakanya engxoxweni yamaqembu isb. ebhekise emaphuzwini ahambisana nendaba	Ukufunda indaba emfishane: Ukulungiselela ukufunda: • Ukuqagela esusela esihlokweni sendaba ekuphinyisweni kwemisindo nasezithombeni • Ukuxoxa ngolwazimagama olusembhalweni • Ukuxoxa ngephuzu eliwumongo isakhiwo, abalingiswa nesizinda • Ukuzwakalisa imizwa nemibono • Ukuxoxa ngembangela nesisusa endabeni • Ukusebenzisa isichazamazwi ukuze athuthukise ulwazimagama Izindlela zokufunda: • Ukufunda kakhulu kuzwakale • Ukuyeka konke okwenzayo ufunde • Ukufunda uholwa Uthisha/ngeqembu/ngababili/ngokuzimela Ukufunda indaba emfishane: • Ukuhlola ukufunda-Ukulungiselela ukufunda kakhulu kuzwakale Ukufundela ukuzithokozisa: Inoveli/ukufunda incwadi yokufunda imizuzu engama-30	Ukubhala indaba (Echazayo/Elandisayo) • Ukukhetha okuqukethwe okuhambisana nenhloso • Ukusebenzisa ulimi olufanele nesakhiwo sombhalo • Ukusebenzisa uhlaka olufanele • Ukubhala umusho oyinhloko afake ulwazi olufanele ukuthuthukisa ukubumbana kwesigaba • Ukubhala kafishane • Ukusebenzisa amazwi acashuniwe • Ukwenza izincomo • Ukusebenzisa uhlelo lolimi, ukupelwa kwamagama nezimpawu zokuloba • Ukusebenzisa isichazamazwi ukuze athuthukise ulwazimagama • Ukusebenzisa umusho omagatshagatsha Ukusebenzisa inqubo elandelwayo uma kubhalwa: • Ukulungiselela/ukulungela ukubhala, • Uhlaka lokuqala, • Ukubukeza, • Ukulungisa amaphutha, • Ukufunda ngenhloso yokubheka amaphutha • Ukuthula umbhalo Bhala amagama nezincazelo zawo kusichazamazwi sakho Sebenzisa ikhadi lokufunda ukubona inqubekelaphambili yokufunda	Ezingeni lamagama: Amabizo ajwayelekile, amabizo qho, iziqalo zamabizo, izijobelelo Ezingeni lemisho: Inkathi yamanje Incazelo yamagama: Amagama amqondofana Ukupelwa kwamagama nezimpawu zokuloba: Ungqi, ukhefana, okhulunyiwe, ungqi, ukusetshenziswa kwesichazamazwi
UKUHLOLA OKUNEZIMISO ITHASKI YESI-2 UKUBHALA NOKWETHULA (amamaki angama-20) • Indaba elandisayo/echazayo Kumele yenziwe ngesikhathi kuqhubeka iThemu				

YOKU-1				
ISONTO	UKULALELA NOKUKHULUMA	UKUFUNDA NOKUBUKELA	UKUBHALA NOKWETHULA	IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI
7-8	Ukulalela aphenhule ngesiqeshana sephephandaba: - Imisebenzi yokwethula isifundo: ukuqagela - Ukulalela ukuze athole ulwazi oluthize ngephephandaba - Ukubona umyalezo osemqoka - Ukweyamanisa nempilo yakhe - Ukusebenzisa ulwazi olutholakala embhalweni ukuphendula imibuzo - Ukukhuluma ngezindaba zomphakathi amasiko nendlela yokuziphatha embhalweni - Ukuxoxa ngakucabangelayo nenhloso yombhali	Ukufunda isiqeshana esicashunwe ephephandabeni: Ukulungiselela ukufunda: Ukuqagela esusela esihlokeni sendaba nasezithombeni - Ukusebenzisa amasu okufunda anhlolobhlobo isib. ukufunda ngokushesha ukuze athole amaphuzu asemqoka nokufunda ngokushesha ekha phezu ukuze athole imininingwane esebenzisa ulwazi lwaphambilini - Ukuqagela, nokusebenzisa izinkomba ukuthola umqondo, nokucabangela okushiwoyo - Ukubona nokuchaza umehluko nokufana kwezinto - Ukuxoxa ngolwazi magama olusha olutholakale embhalweni - Sebenzisa isichazamazwi Izindlela zokufunda: - Ukufunda kakhulu kuzwakale - Ukuyeka konke okwenzayo ufunde - Ukufunda uhlolwa Uthisha/ngeqembu/ngababili/ngokuzimela Ukufunda isiqeshana sephephandaba: - Ukuhlola ukufunda-Ukulungiselela ukufunda kakhulu kuzwakale - Ukufundela ukuzithokozisa: Inoveli/Ukufunda incwadi yokufunda imizuzu engama-30	Ukubhala isiqeshana esicashunwe ephephandabeni: - Ukusebenzisa isihloko umusho oqoqa umongo womyalezo, isigaba esimumethe umqondo wendaba aphenhule imibuzo ubani, ini, kuphi nini kanjani - Ukukhethwa kwengqikithi ehambelana nezethameli nenhloso - Ukuxhumanisa imisho ibe izigaba ezinikezelanayo esebenzisa isabizwana nezihlanganiso nezimpawu zokuloba ukuze akhe isigaba esibumbene - Ukusebenzisa ulwazimagama nohlelo lolimi olufanele, ukupelwa kwamagama nokusetshenziswa kwezimpawu zokuloba - Ukuxoxa ngolwazimagama olusha olutholakale embhalweni Ukusebenzisa inqubo elandelwayo uma kubhalwa: - Ukulungiselela/ukulungela ukubhala, - Uhlaka lokuqala, - Ukubukeza, - Ukulungisa amaphutha, - Ukufunda ngenhloso yokubheka amaphutha - Ukuthula umbhalo Bhala amagama nezincazelo zawo kusichazamazwi sakho Sebenzisa ikhadi lokufunda ukubona inqubekelaphambili yokufunda	Incazelo yamagama: Ondaweni Ezingeni lemisho: Inkathi edlule, inkathi ezayo Incazelo yamagama: amagama amqondophika Ukupelwa kwamagama nokusebenzisa izimpawu zokuloba: Umbuzi, ukusebenza kwesichazamazwi, ukuhleleka kwamagama
UKUHLOLA OKUHLELEKILE ITHASKI YESI-3 (amamaki angama-40) ISIVIVINYO: (AMAHORA AMA-2) UKUFUNDELA UKUQONDISISA - Umbhalo ofundwayo/umbhalo ofundwayo (amamaki ayi-15) - Umbhalo obukwayo (amamaki ayi-10) - Izakhiwo nezimiso zolimi engqikithini (amamaki ayi-15) Imisebenzi yale thaski akufanele ibhalwe ngesikhathi esisodwa kumele ihlukaniswe				

YOKU-1				
ISONTA	UKULALELA NOKUKHULUMA	UKUFUNDA NOKUBUKELA	UKUBHALA NOKWETHULA	IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI
9-10	Ukunikeza nokulandela imiyalelo: Imisebenzi yokwethula isifundo: • Ukuqagela • Ukuthola ingqikithi yendaba • neminingwane ethile • Ukubuza imibuzo abuye aphenyule ngendlela efanele • Ukulandela imiyalelo	Ukufunda imibhalo enemiyalelo: Ngaphambi kokufunda: • Ukuqagela esusela esihlokwini sendaba nasezithombeni Ukusebenzisa amasu okufunda: • Ukuqagela nezinkomba ezimayelana nengqikithi ukuze athole umqondo • Ukuxoxa ngeminingwane yombhalo • Ukuxoxa ngephuzu eliwumongo • neminingwane ethile • Ukuxoxa ngokulandela kwemiyalelo • Ukuxoxa ngolwazimagama olususelwe embhalweni ofundiwe • Bhala amagama amasha kwisichazamazwi ozakhele sona Izindlela zokufunda: • Ukufunda kakhulu kuzwakale • Ukuyeka konke okwenzayo ufunde • Ukufunda uholwa uthisha/ ngeqembu/ngababili/ngokuzimela Ukufunda isiqeshana sephephandaba • Ukuhlola ukufunda • Ukulungiselela ukufunda kakhulu kuzwakale Ukufundela ukuzithokozisa: • Inoveli/ukufunda incwadi yokufunda imizuzu engama-30	Ukubhala imiyalelo isib. lenziwa kanjani isemishi: • Sebenzisa isakhiwo esifanele • Khetha ulwazi olubalulekile • Sebenzisa iminingwane ethile eyiqiniso • Sebenzisa izimiso zolimi, ubhalomagama kanye nezimpawu zokuloba ezifanele • Sebenzisa indlela ephoqayo Ukusebenzisa inqubo elandelwayo uma kubhalwa: • Ukulungiselela/ukulungela ukubhala, • Uhlaka lokuqala, • Ukubukeza, • Ukulungisa amaphutha, • Ukufunda ngenhloso yokubheka amaphutha • Ukuthula umbhalo Bhala amagama nezincazelo zawo kwisichazamazwi sakho Sebenzisa ikhadi lokufunda ukubona inqubekelaphambili yokufunda	Ezingeni lamagama: Isandiso senkathi, esesimo, esendawo, izikhuliso, ondaweni, izindlela zesenzo Ezingeni lemisho: Umusho oqondile, umusho omagatsha Izimpawu zokuloba nopelamagama: Ungqi, isibabazi, izifinyezo (Mnu), i-akhronimi (AIDS), izifinyezo ezisebenzisa uhlamvu lokuqala lwagama ngalinye (African National Congress: ANC) izifinyezo ezisuselwa emagameni ngokuthatha ingxenye ethile egameni ngalinye (Thandiwe-Thandi)

UKUHLOLA IMISEBENZANA EWUCHUNGECHUNGE			
Imisebenzana yokulalela nokukhuluma: ukulalela nokukhuluma imisebenzana enhlobonhlobo	Imisebenzana yokufunda nokubukela: - Ukulandela inqubo yokufunda - Ukufunda kakhulu - Ukufunda isifundo sokuqondisissa - Ukufunda ubuciko bomlomo kwimibhalo emithathu onikezwe yona ngethemi	Imisebenzana yokubhala nokwethula: - Ukulandela inqubo yokubhala - Ukubhala ngezigaba - Imibhalo ehambisana nokuguquka kwesikhathi - Ama -Eseyi - Umbhalo wokuziqambela	Imisebenzana yezakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi - Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi ezinhlobonhlobo - Kumele yenziwe ngesikhathi kuqhubeka l Themu
AMATHASKI ETHEMU YOKU-1 NGOKUFINGQIWE EBANGA LESI-5 ULIMI LWASEKHAYA			
UKUHLOLA OKUHLELEKILE ITHASKI YOKU-1: Ukufunda kakhulu kuzwakale (Amamaki angama-20) Lo msebenzi uqala kuThemu yoku-1 uphele kuThemu yesi-2 uma amamaki eseshicelelwe kwirekhodi lamamaki	UKUHLOLA OKUHLELEKILE ITHASKI YESI-3 UKUFUNDELA UKUQONDISISA Isivivinyo (amamaki angama-40) (AMAHORA AMA-2) - Umbhalo ofundwayo/umbhalo ofundwayo onezithombe (amamaki angama-15) - Umbhalo obukwayo (amamaki ayi-10) - Izakhiwo nezimiso zolimi engqikithini (amamaki ayi-15)	UKUHLOLA OKUHLELEKILE ITHASKI YESI-2 UKUBHALA NOKWETHULA (amamaki angama-20) Indaba elandisayo/echazayo (izigaba ezi-3)	

2023/24 UHLELO LOKUFUNDISA OLUPHAKANYISIWE LUKAZWELONKE: ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA: IBANGA LESI-5 (ITHEMU YESI-2)

YESI-2				
ISONTO	UKULALELA NOKUKHULUMA	UKUFUNDA NOKUBUKELA	UKUBHALA NOKWETHULA	IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI
1-2	Ukulalela inkondlo: Imisebenzi yokwethula isifundo: • Ukuqagela • Ukuncoma nokunanela imisindo evuswa wukulalela inkondlo • Ukuxoxa ngephuzu elimqoka • Ukweyamanisa nezehlakalo zempilo yakhe • Ukuzwakalisa imizwa evuswa wukulalela inkondlo • Ukuxoxa ngokusetshenziswa • kwephimbo, ulimi nomthelela walo kolalele kanye nendlela ulimi olusetshenziswa ngayo ukuveza umoya wenkondlo Ukuhaya inkondlo noma imigqa ekhethiwe: • Ukukhethwa kwephimbo neminyakazo nengqikithi nesitayela senkondlo • Ukwehlisa nokwenyusa iphimbo neminyakazo • Ukusebenzisa iminyakazo yomzimba, amakhono okwethula isib. ukuguqula isivini nokuphakama kwezwi nomgqigqo wenkondlo	Ukufunda inkondlo: • Ukulungiselela ukufunda: Ukuqagela esusela esihlokwini sendaba nasezithombeni • Ukusebenzisa amasu okufunda: Ukuqagela ukusebenzisa impimiso yemisindo inkomba emayelana nengqikithi aqagele isiphetho • Ukuveza isigqi kanye nemvumelwano ukubheka ukuthi kunamthelela muni kolalele • Ukuzwakalisa imizwa nemibono • Ukweyamanisa nezehlakalo zempilo yakho • Ukusebenzisa isichazamazwi ukuthuthukisa ulwazimagama Izindlela zokufunda: • Ukufunda kakhulu kuzwakale • Ukuyeka konke okwenzayo ufunde • Ukufunda uholwa uthisha/ngeqembu/ngababili/ngokuzimela Ukufunda inkondlo: • Ukuhlola ukufunda-Ukulungiselela ukufunda kakhulu kuzwakale Ukufundela ukuzithokozisa: • Inoveli/ukufunda incwadi yokufunda imizuzu engama-30	Ukubhala inkondlo: • Ukusebenzisa ifanamsindo (ifanangwaqa kanye nefanankamisa), isingathekiso, nesifaniso • Ukusebenzisa ulimi oluchazayo • Ukwakha uhlelo, izinhloko zokuqala nokucolisisa umbhalo • Ukukhiqiza uhlaka lokuqala ngokuqaphela umongo wenkondlo • Ukukhombisa ukuqonda isitayela nerejista • Ukucabanga ngenkondlo kanye nokuhlolisa umsebenzi wokuziqambela • Ukusebenzisa izimpawu zokuloba ezifanele Bhala amagama nezincazelo zawo kusichazamazwi sakho Sebenzisa ikhadi lokufunda ukubona inqubekelaphambili yokufunda	Ezingeni lamagama: Izinhlobo zamabizo isib. amabizozoqa, amabizo ezinto ezingabonakali, amagama okubabaza Ezingeni lemisho: Inkathi yamanje eqhubekayo Incazelo yamagama: (ifanankamisa, ifanangwaqa) ukwenzasamuntu, isigqi, imvumelwano, isingathekiso, nesifaniso Izimpawu zokuloba nopelomagama: Ukuhlukaniswa kwamagama, ukusebenzisa isichazamazwi, umbabazi (!)
Ukuhlola okuhlelekile ITHASKI-1: Ukufunda kuzwakale (amamaki angama-20) Le thaski mayiqale ukwenziwa ngeThemu yoku-1 iqedwe ngeThemu yesi-2 bese kurekhodwa amamaki				

YESI-2				
ISONTO	UKULALELA NOKUKHULUMA	UKUFUNDA NOKUBUKELA	UKUBHALA NOKWETHULA	IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI
3-4	Ukulalela nokuxoxa ngesimo sezulu Imisebenzi yokwethula isifundo: Ukuqagela - Ukulalela ukuze athole iminingwane ethize eqondene nokufundwayo - Ukuxoxa ngokubaluleka kolwazi - Ukuxhumanisa ulwazi nezehlakalo zempilo yakhe - Ukuxoxa ngomthelela kubantu - Ukuqhathanisa isimo ezindaweni ezahlukene aveze izindawo ezikhethekile anikeze nezizathu zokukhetha lezo zindawo - Ukuzibandakanya ezingxoxweni esekela imibono yakhe - Ukubona izimpawu zombiko wesimo sezulu: irejista nohlobo lolimi olusetshenziswayo - Ukusebenzisa amasu okuxhumana ekuxoxeni nabanye ngempumelelo emaqenjini	Ukufunda umbiko wesimo sezulu: Ngaphambi kokufunda: - Ukucabangela kususelwa esihlokwani ezihlokwaneni nasezithombeni - Ukusebenzisa amasu okufunda, isib. Ukucabangela esebenzisa izinkomba zendikimba namazwi asemhalweni - Ukukhomba kanye nokuchaza izinto ezifanayo nalezo ezehlukile Ukusebenzisa amasu okufunda: - Ukufunda ngokushesha ukuze athole amaphuzu amqoka, ukufunda ngokushesha ukuze athole iminingwane - Ukuveza indlela umbhalo ohlelwe ngayo - Ukufunda umbhalo onolwazi olubukwayo, isib. amabalazwe - Ukuhlaziya izinto ezibukwayo. - Ukusebenzisa imidwebo esabulwembu/ amanothi ekufingqeni ulwazi Izindlela zokufunda: - Ukufunda kakhulu kuzwakale - Ukuyeka konke okwenzayo ufunde - Ukufunda uholwa Uthisha/ngeqembu/ngababili/ngokuzimela Ukufunda isimo sezulu: - Ukuhlola ukufunda-Ukulungiselela ukufunda kakhulu kuzwakale Ukufundela ukuzithokozisa: - Inoveli/ukufunda incwadi yokufunda imizuzu engama-30	Ukubhala umbiko wesimo sezulu - Ukuxhumanisa imisho ibe yisigaba esibumbene esebenzisa isabizwana izihlanganiso kanye nezimpawu zokuloba - Ukwethula ulwazi esebenzisa ibalazwe, ishadi, igrafu noma imidwebo - Ukubhala incazelo eyiqiniso yendawo ayaziyo - Ukukhetha amaphuzu okuqukethwe ahambelana nesihloko abhale ngawo - Ukusebenzisa ulwazimagama oluchazayo neziphawulo Ukusebenzisa inqubo elandelwayo uma kubhalwa: Ukulungiselela/ukulungela ukubhala, - Uhlaka lokuqala, - Ukubukeza, - Ukulungisa amaphutha, - Ukufunda ngenhloso yokubheka amaphutha - Ukuthula umbhalo Bhala amagama nezincazelo zawo kusichazamazwi sakho Sebenzisa ikhadi lokufunda ukubona inqubekelaphambili yokufunda	Ezingeni lamagama: Izenzo izabizwana, izandiso, iziphawulo, izihlanganiso kanye namabizo angabonakaliyo Ezingeni lemisho: Imisho eqondile, imisho embaxa kanye nenkathi ezayo. Incazelo yamagama: Ifuzamsindo, amagama angomabizwafane, amagama aphikisanayo kanye namagama amqondofana

YESI-2				
ISONTO	UKULALELA NOKUKHULUMA	UKUFUNDA NOKUBUKELA	UKUBHALA NOKWETHULA	IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI
5-6	Ukulalela aphenandle ngomdlalo: Imisebenzi yokwethula isifundo: - Ukuqagela ubuka isihloko noma esithombeni - Ukuxoxa ngomdlalo ngokulandelana kwezigameko - Ukukhomba kanye nokuxoxa ngendikimba, isakhiwo, isizinda, isimo senhlalo kanye nabalingiswa - Ukulalela ukuthola imininingwane ethile - Ukusebenzisa imininingwane ngendlela efanele - Ukwethula imicabango kanye nemizwa - Ukusebenzisa ulimi olushaya emhloveni Lingisa umlingisi: - Ukwahluka kwezwi nokukhombisa ngobuso - Ukushintsha irejista, ukwakhekha kohlelo lolimi	Ukufunda umdlalo: - Ukusebenzisa amasu okufunda: ukufunda ngokushesha ukuze athole amaphuzu asemqoka, ukufunda ngokushesha ukuze athole imininingwane, izinkomba zokwenzeka endabeni kanye nolwazi lwaphambilini - Ukuchaza indlela ababhali abasebenzisa ngayo ulwazimagama kanye nolimi ukuchaza isakhiwo, isizinda, isimo kanye nabalingiswa - Ukuchaza umthelela wokusetshenziswa kwamagama kanye nemifanekisomqondo - Ukubona imbangela nomthelela ekukhulumeni kanye nasekubhaleni aphinde achaze ubudlelwane - Ukufunda kuzwakale, aguqule isivini sokufunda ngendlela efanele Izindlela zokufunda: - Ukufunda kakhulu kuzwakale - Ukuyeka konke okwenzayo ufunde - Ukufunda uholwa Uthisha/ngeqembu/ngababili/ngokuzimela - Ukufunda isimo sezulu - Ukuhlola ukufunda - Ukulungiselela ukufunda kakhulu kuzwakale Ukufundela ukuzithokozisa: - Inoveli/ukufunda incwadi yokufunda imizuzu engama-30	Ukubhala umdlalo/Inkulumo-mpendulwano - Ukuqamba abalingiswa - Ukuchaza isizinda - Ukuthuthukisa isakhiwo - Ukusebenzisa isakhiwo esifanele - Ukuthola iphimbo noma umoya womdlalo - Ukuhlela nokubhala uhlaka acolise umbhalo - Ukubhala imisho esebenzisa inkulumongo nenkulumo-mbiko - Ukukhiqiza uhlaka olunephuzu eliwumongo nemisho esekelayo ukwakha izigaba - Ukusebenzisa umenzi, isenzo, isivumelwano - Ukusebenzisa uhlelo lolimi ukupelwa kwamagama nezimpawu zokuloba Bhala amagama nezincazelo zawo kusichazamazwi sakho Sebenzisa ikhadi lokufunda ukubona inqubekelaphambili yokufunda	Ezingeni lamagama: Izenzo Ezingeni lemisho: Izitatimende, ukubuzwa kwemibuzo, imiyalelo imisho eqondile, imisho embaxa, inkulumongo kanye nenkulumbiko Ezingeni lamagama: I-okzimoroni Izimpawu zokuloba: Abacaphuni nesemikholoni
Ukuhlola okuhlekile ITHASKI YESI-4: Umbhalo odlulisa umyalezo (mayibe mibili emfishane noma ube munye omude) (amamaki ayi-10) Lo msebenzi ubhalwa ngaphambi kwesivivinyo				
7-8	Ukulalela nokuphendula kumbiko: Imisebenzi yokwethula isifundo: Ukuqagela ubuka isihloko noma esithombeni	Funda umbiko onombhalo: obukwayo, njenge: (ishadi/ithebula/igrafu/ibalazwe) Ngaphambi kokufunda: Ukuqagela	Ukubhalwa kombiko usebenzisa: (ishadi/ithebula/igrafu/ibalazwe) Ukwakha okuqukethwe okuhambisana nokutholwe uphenyo	Ezingeni lamagama: Iziphawulo, izabizwana, izihlanganiso Ezingeni lemisho: Inkathi eyedlule eqhubekayo,

YESI-2				
ISONTO	UKULALELA NOKUKHULUMA	UKUFUNDA NOKUBUKELA	UKUBHALA NOKWETHULA	IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI
	- Ukulalela iphuzu eliwumongo neminingwane ethile kumbiko - Ukuphendula imibuzo - Ukwabelana ngolwazi nokunikezwa ithuba lokubeka ombono wakho - Ukuhlaziya ulwazi - Ukufingqa umbhalo - Ukwethula ulwazi lombhalo esebenzisa ithebuli ishadi/igrafu Ukuzibandakanya engxoweni yeqembu: - Ugxila esihlokwini. - Khombisa uzwelo namalungelo abanye. Ubamba iqhaza engxoweni.	esusela esihlokwini sendaba nasezithombeni - Ukuxoxa ngephuzu eliwumongo neminingwane eqondene ngqo. - Ukusebenzisa amasu okufunda isb. ukuqagela nokusebenzisa izinkomba ukuthola umqondo - Ukuhumusha ulwazi oluyisithombe - Ukwabelana nokunikeza imibono esebenzisa ukucabangela nokuqagula - Ukusebenzisa umdwebo osabulwembu amanothi ukufingqa ulwazi - Ukuxoxa ngolwazimagama elususelwa embhalweni ofundiwe - Ukusebenzisa isichazamazwi	- Ukushintsha ulwazi usukela kolunye uya kolunye - Ukusebenzisa umbuzo nini? kuphi? ubani? - Ukuhlela ulwazi ngokulandelana - Ukuxhumanisa imisho ibe yisigaba esibumbene esebenzisa izihlanganiso - Ukusebenzisa uhlelo lolimi, ukupelwa kwamagama nokusetshenziswa kwezimpawu - Ukwethula umsebenzi obhalwe ngobunono nangokucacile esebenzisa izihloko nokushiywa kwezikhala phakathi kwezigaba njll. Ukulandela inqubo yokubhala: - Ukuhlela - Ukubhala umzamo wokuqala - Ukubuyekeza - Ukulungisa amaphutha - Ukufunda ngokuqaphelisisa - Ukwethula umbhalo/umkhiqizo wokugcina.	ezayo eqhubekayo, indlela yesenzo, impambosi yokwenziwa, inkulumo mbiko, indlela yokubuza Izimpawu zokuloba nopelomagama: Isimeli hlamvu (!), isibabazi (!), okhulunyiwe ("")
9-10	UKUHLOLA OKUNEZIMISO ITHASKI YESI-5: ISIVIVINYO (AMAHORA AMA-2) UKUFUNDELA UKUQONDISISA (amamaki angama-40) - Umbuzo 1: Umbhalo ofundwayo (amamaki ayi-15) - Umbuzo 2: Umbhalo obukwayo (amamaki ayi-10) - Umbuzo 3: Ukufingqa (amamaki ayisi-5) - Umbuzo 4: Izakhiwo nezimiso zolimi engqikithini (amamaki ayi-10)			

AMATHASKHI OKUHLOLA ETHEMU LESI-2			
Imisebenzana yokulalela nokukhuluma: ukulalela nokukhuluma imisebenzana enhlobonhlobo	Imisebenzana yokufunda nokubukela: - Ukulandela inqubo yokufunda - Ukufunda kakhulu - Ukufunda isifundo sokuqondisisa Ukufunda ubuciko bomlomo kwimibhalo emithathu onikezwe yona ngethemu	Imisebenzana yokubhala nokwethula: Ukulandela inqubo yokubhala: - Ukubhala ngezigaba - Imibhalo ehambisana nokuguquka kwesikhathi - Ama-Eseyi - Umbhalo wokuziqambela	Imisebenzana yezakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi ezinhlobonhlobo
AMATHASKI ETHEMU YESI-2 NGOKUFINGQIWE EBANGA LESI-5 ULIMI LWASEKHAYA			
UKUHLOLA OKUHLELEKILE ITHASKI YOKU-1: Ukufunda kakhulu kuzwakale (Amamaki angama-20) Lo msebenzi uqala kuThemu yoku-1 uphele kuThemu yesi-2 uma amamaki eseshicelelwe kwirekhodi lamamaki	UKUHLOLA OKUHLELEKILE ITHASKI YESI-4: UKUBHALA NOKWETHULA Umbhalo ohambisana nokuguquka kwesikhathi: emi-2 emfishane/owo-1 omude (amamaki ayi-10) Lo msebenzi ubhalwa ngaphambi kwesivivinyo	UKUHLOLA OKUHLELEKILE ITHASKI YESI-5: ISIVIVINYO (AMAHORA AMA-2) UKUFUNDELA UKUQONDISISA (amamaki angama-40) - Umbuzo 1: Umbhalo ofundwayo/umbhalo ofundwayo onezithombe (amamaki ayi-15) - Umbuzo 2: Umbhalo obukwayo (amamaki ayi-10) - Umbuzo 3: Ukufingqa (amamaki ayisi-5) - Umbuzo 4: Izakhiwo nezimiso zolimi engqikithini (amamaki ayi-10)	

2023/24 UHLELO LOKUFUNDISA OLUPHAKANYISIWE LUKAZWELONKE: ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA: IBANGA LESI-5 (ITHEMU YESI-3)

YESI-3				
ISONTA	UKULALELA NOKUKHULUMA	UKUFUNDA NOKUBUKELA	UKUBHALA NOKWETHULA	IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI
